

**NguMongameli  
Dieter F. Uchtdorf**  
Ikhansela Lesibili  
KubuMongameli Bokuqala



# Isikhiye Esodwa ku Mndeni Ojabulile

**U**mbhali omkhulu uLeo Tolstoy waseRashiya waqala incwadi yakhe i *Anna Karenina* ngalamagama: “Imindeni ejabulile yonke iyafana; yonke imindeni engajabulile ayijabulile ngendlela yayo.”<sup>1</sup> Ngesikhathi nginganaso isiqiniseko sikaTolstoy ukuthi imindeni ejabulile yonke iyafana, ngitholile lokho okodwa eminingi enakho: inendlela yokuxolela kanye nokukhohlwa amaphutha abanye futhi ibheka okuhle.

Labo abasemindeni engajabulile, ngenye indlela, bathola esikhathini esiningi amaphutha, babambe amagqubu, abakwazi ukushiya amaphutha akudala.

“Yebo, kepha . . .” qala ngalabo abangajabulile. “Yebo, kepha awazi ukuba ungikhubaze kangakanani,” washo oyedwa. “Yebo, kepha awumazi ukuthi ukhohlakele kangakanani,” washo omunye.

Mhlawumbe bobabili baqinisele; mhlawumbe abaqinisele.

Kunezigaba eziningi zamaphutha. Kunezigaba eziningi zokukhubaza. Kepha engikubonile ukuthi esikhathini esiningi sinikeza isizathu solaka lwethu futhi sinelise imiqondo yethu ngokuzitshela izindaba zesizathu zabanye ezenze izenzo zabo zangavumeleki ukuba zixoleleke futhi sizibeke thina phambili, ngalesosikhathi, siphakamise izizathu zethu njengezimsulwa futhi ezilungile.

## Inja yeNkosana

Kunendaba endala yamaNgisi akudala kusukela kwiminyaka engu 13 yamakhulu mayalana nenkosana eyabuyela ekhaya yathola inja yakhe iconsa igazi ebusweni bayo. Indoda yajahela endlini futhi, ngokuthuka kwayo, yabona ukuthi ingane yomfana wayo yayingekho futhi inqola yakhe yayiqinikile. Ngokuthukuthela inkosana yadonsa inkemba yakhe yase ibulala inja yakhe. Masi-shane emva kwalokho, wezwa ukukhala kwendodana yakhe—ingane yayiphilile! Ngasohlangothini lwengane kwakulele impisi efile. Inja, eqinisweni, yavikela ingane yenkosana kwimpisi eyayinobungozi.

Noma-ke lendaba ibonakala njengendaba edumazayo, ikhombisa iphuzu. Iveza ikhono lokuthi indaba esiyixoxayo thina ngokuthi kungani abanye bebazi-phatha ngendlela thize ayivamile ukuvumelana njalo—kwesinye isikhathi asifuni nokwazi ngamaphuzu lawo. Singamane sizizwe ukuvumela thina entukuthelweni yethu ngokubambelela entweni enganambitheki. Ngesinye isikhathi lamagqubu angahlala izinyanga noma iminyaka. Ngesinye isikhathi angahlala impilo yonke.

## uMndeni Ohlukene

Omunye ubaba akazange axolele indodana yakhe ngokungahambi endleleni leyo ayifundiswa. Umfana wayenabangane ubaba wakhe ayengabafuni, futhi

wenza izinto eziphambene nendlela kababa wakhe lezo ayecabanga ukuba angazenza. Lokhu kwaletsa ukungezwani phakathi kobaba kanye nendodana, futhi masishine umfana ekwazi, washiya ikhaya lakhe futhi azange abuyela emuva. Abazange basaphinda bakhuluma.

Ubaba uzizwe engenacala? Mhlawumbe.

Indodana izizwe ingenacala? Mhlawumbe.

Konke engikade ngikwazi ukuthi lomndeni wawuhlukene futhi ungajabulile ngenxa yokuba wayengekho owayefuna ukuxolela omunye. Babengakwazi ukushiya emuva imicabango enentukuthelo ebaenayo komunye. Bagcwalisa izinhliziyi zabo ngentukuthelo esikhundleni sothando kanye noxolo. Omunye nomunye wazincisha ithuba lokufundisa ngempilo yomunye unomphelo. Ukuhlukana phakathi kwabo kwabonakala kujulile futhi kubanzi kangangokuba omunye nomunye wabayisiboshwa sikamoya oyingcwele sokuhluthuluka esiqhingini sakhe eyedwa.

Ngenhlanhla, uBaba wethu waseZulwini onothando futhi ohlakaniphileyo ulethe indlela yokunqoba lesikhala sokuziqhenya. Ukuhlawulela okukhulu futhi okungapheli yisenzo esiphakeme soxolo kanye noxolelwano. Ubukhulu baso kungaphezulu kokuzwisisa kwami, kepha ngibeka ubufakazi obuvela enhlizweni kanye nasemphefumulweni wonke wami ngeqiniso futhi namandla okugcina waso. uMsindisi wasiletha Yena ngenzindiso yezono zethu. Ngaye sithola ukuxolelwa.

### Awukho Umndeni Ophelele

Akekho noyedwa wethu onganasono. Omunye nomunye wethu wenza amaphutha, ngisho wena kanye nami. Sonke silimele. Sonke silimaze abanye.

Kungumnikelo woMsindisi ukuthi singathola ukuphakamiselwa embusweni omkhulu kanye nakwimpilo yangunaphakade. Njengoba sivumela izindlela Zakhe futhi sinqoba ukuzigqaja kwethu ngokuthambisa izinhliziyi zethu, singaletsa ukuxolelana kanye noxolo phakathi kwemindeni yethu futhi nasezimpilweni zethu. uNkulunkulu uzakusiza thina sikwazi ukuxolela kakhudlwana, sivumele kakudlwana ukuhamba imayili lesibili, sibe ngabokuqala ukucela uxolo noma kungasiyithina esinephutha, sibeka eceleni amagqubu akudala siphinde singasawanaki futhi. Ukubonga akube kuNkulunkulu, owanikezela ngeNdodana yakhe Ezelwe Yodwa, futhi nakwiNdodana, eyanikezela ngempilo Yakhe kithi.

Singezwa uthando lukaNkulunkulu ngathi nsuku zonke. Akwenzeki yini ukuba siphe kakhudlwana okwethu kubantu bakithi njengoba kufundiswa kumculo othandwayo? "Beacuse I Have Been Given Much" (Ngokuba Nginikezwe Okuningi)?<sup>2</sup> iNkosi isivulele umnyango ukuba sixolelwe. Angeke kube kuhle yini ukuthi sibeke eceleni ukuzazisa kwethu nokuziqaja siqale sivule lowo mnyango obusisekile wokuxolela kulabo esidonsisana nabo kanzima—ikakhulukazi kumndeni wonke wethu?

Ekugcineni, injabulo ayiveli ekulungeni kepha ekusebenziseni imithetho engcwele, noma kungaba izinyathelo ezincane. OboMongameli Bokuqala kanye neKhoramu labaPostoli Beshumi Nambili bamemezela: "Injabulo empilweni yomndeni ingahle itholakale uma isungulwe phezu kwemfundiso yeNkosi uJesu Krestu. Imishado kanye nemindeni ephumelelelayo yakhiwe futhi igcinwe ngomthetho wokholo, umthandazo, ukuguquka, *ukuxolela*, inhlonipho, uthando, isihawu, umsebenzi, kanye nemisebenzi eminingi ejabulisayo."<sup>3</sup>

Ukuxolela kubekwe ngaphakathi kwalamaqiniso alula, kusungulwe ohlelweni lwenjabulo lukaBaba wethu waseZulwini. Ngenxa yokuxolela okuhlanganisa imithetho, ehlanganisa abantu. Kuyisikhiye, esivula iminyango ekhiyiwe, iyisiqalo sendlela elungile, futhi enye yamathemba ethu amakhulu yomndeni ojabulile.

Angathi uNkulunkulu angasisiza ukuba sixolele kakhudlwana emindeni yethu, sixolelane kakhudlwana, futhi mhlawumbe sizixolela nathi kakhudlwana. Ngiyathandaza ukuthi singathola ukuxolela njengendlela enye enhle leyo imindeni ejabulile eminingi efanayo.

#### AMANOTHI

1. uLeo Tolstoy, *Anna Karenina*, trans. Constance Garnett (2008), 2.
2. "Because I Have Been Given Much" (Ngokuba Nginikezwe Okuningi), *Amaculo*, no. 219.
3. "The Family: A Proclamation to the World," *Liahona*, Nov. 2010, 129; ukugqizelela okungeziwe.

---

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

"Njengoba ulungiselela isifundo ngasinye, zibuze wena ukuthi umthetho ungafana kanjani nento ilungu lomndeni eliye lahlangabezana nayo ezimpilweni zabo" (*Teaching, No Greater Call [1999], 171*). Cabanga ngokumema amalungu omndeni ukuba abelane nesifundo esilungile abasithola noma abasibona ngokuxolela. Xoxa ngalezimfundiso, ugqizelele izibusiso zokuxolela. Vala ngokubeka ubufakazi bakho ngokubaluleka koku-xolela omunye umuntu.

## Umthandazo kanye Noxolo

ngu Lauren W.

**N**gobunye ubusuku ngaxabana nomama wami futhi ngezwa ubuhlungu. Ngase ngithatha isinqumo sokuba ngithandaze. Noma-ke ngangisesimweni esingasihle futhi ngangingafuni ukuba “nomoya ongcwele” Ngangazi ukuba umthandazo uzangenza ngizizwe ngijabulile futhi ngingeke ngisaphikisana. Emva kokuba umama wami aphume ekamelweni, ngaqala ngomthandazo wami. “Baba waseZulwini Othandekayo, Ngize kuwe Ngalobusuku ngenxa . . .” Cha. Ngavula amehlo kanye nezingalo zami; lokho kwazwakala kungajwayelekile. Ngazama futhi. “Baba waseZulwini, Ngidinga . . .” Nalokho futhi kwazwakala kungajwayelekile. Ngezwa uSathane engiphokelela ukuba ngiyekele umthandazo wami wokucela usizo kuBaba waseZulwini.

Masinyane ngaba nento ethi ngithi ngiyabo! Ngase ngiyenza, futhi imicabango yaqala yavela enqondweni yami ngazo zonke izinto engabonga ngazo uBaba waseZulwini. Ngenkathi sengiqedile ukubonga Yena, Ngasengixoxa ngenkinga enginayo.

Emva kwalokho ngazizwa nginoxolo oluhle ngaphakathi kwami, umuzwa ofudumele komoya oyingcwele wokuthi ngiyazi ukuba uBaba wethu waseZulwini kanye nabazali bami bayangithanda futhi ngingumntwana kaNkulunkulu. Ngakwazi ukuxolisa kumama wami futhi ngamukela ukuxolisa kwakhe.

## Ukuxolela Kuletha Injabulo

**U**Mongameli uUchtdorf ufundisa ukuthi kumele sixolele amalungu wethu womndeni. Bona ukuba ukhetho lukaJoseph kanye noAnna lungenza kanjani lithinte umndeni wabo.

uJoseph kanye nodade wakubo osemncane, uAnna, badlala bobabili. uAnna uphucha uJoseph ithoyisi. Angenzani uJoseph?

uJoseph uthukuthelela uAnna. uAnna uyakhala. Umama kaJoseph uyamkhuza ngokulwa nodade wakhe. uJoseph uyaxolisa ukuthi wenze ukhetho olubi.

uJoseph uxolela uAnna futhi uthola enye ithoyi angadlala ngayo. Badlala bobabili ngokujabula. Umama wabo ujabulile ukuthi uJoseph ubenomusa kudade wabo futhi waba nokuthula emndenini. uJoseph uzizwa ejabulile ngokukhetha ukuxola.

Emva kwalokho, uJoseph kanye noAnna kumele basize umama wabo ukuba balungiselele idina. uJoseph akancedisi. uAnna kumele enzeni?

uAnna uyakhononda kumama wakhe. uAnna uyathetha ngokwenza umsebenzi eyedwa. Edineni wonke umuntu akajabulile ngenxa yokulwa.

uAnna uxolele uJoseph futhi uncedisa ngedina. Umama wabo uyabonga ngosizo lukaAnna. Umndeni ujabulela ukuba ndawonye ngedina. uAnna uzizwa ejabulile ukuthi ukhethe ukuxolela.

Ukhetho lwakho lokuxolela luthinta kanjani injabulo yomndeni?



# Ukuhlonipha Izivumelwano Zethu

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

Ukufundisa ngokuvakasha kukhombisa ukulalela kwethu kanye nokuhlonipha izivumelwano zethu njengoba sisebenza ngokusiza futhi siqinisa omunye nomunye. Isivumelwano isithembiso esingapheli futhi esingcwele phakathi kukaNkulunkulu kanye nabantwana Bakhe. “Uma sibona ukuthi singabantwana besivumelwano, siyazazi ukuba singobani futhi nokuthi uNkulunkulu ulindeleni ngathi,” lakhuluma igosa uRussell M. Nelson weKhoramu labaPostoli Beshumi Nambili. “Umthetho wakhe ubhalwe ezinhlizweni zethu. Yena unguNkulunkulu wethu futhi singabantu Bakhe.”<sup>1</sup>

Njengabothisha bokuvakasha singaqinisa labo esibavakashelayo ngokuzama ukuba bagcine izivumelwano zabo. Ngokwenza njalo, silungiselela bona ukuba bathole izibusiso zempilo yangunaphakade. “Wonke udade eBandleni owenze isivumelwano kanye neNkosi ungunya elingcwele lokuba asindise imiphefumulo, ahole abasefazane emhlabeni, aqinise amakhaya eZiyoni, futhi bakhe umbuso kaNkulunkulu,”<sup>2</sup> lakhuluma iGosa uM. Russell Ballard weKhoramu labaPostoli Beshumi Nambili.

Njengoba senza futhi sigcina izivumelwano zethu, sibangamathulusi ezandleni zikaNkulunkulu. Sizakwazi ukukhuluma ngenkolo yethu futhi siqinise ukhoho lomunye nomunye kuBaba waseZulwini kanye noJesu Krestu.

## **Kuvela embhalweni Ongcwele**

1 Nifayi 14:14; uMozaya 5:5–7; 18:8–13; Imfundiso kanye Nezivumelwano 42:78; 84:106

## **Kuvela Emlandweni Wethu**

Ithempeli liyi “ndawo yokubonga kubobonke abangcwele,” iNkosi yaveza kuMprofethi uJoseph Smith ngo 1833. Kuyi “ndawo yomyalo kubobonke labo ababiziwe ukuba basebenze kubufundisi kuwonke amabizo abo kanye namahhovisi; ukuthi bangakwazi ukuzwisisa ngokuphelele ubufundisi babo, ngokubhaliwe, ngomthetho, kanye nasemfundisweni, kuzo zonke izinto ezihlangene nombuso kaNkulunkulu emhlabeni” (D&C 97:13–14).

Odade Benhlangano Yabesimame Yenkululeko eNauvoo, Illinois, ngo1840 basizana ukulungiselela izimiso zethempeli. Ezimisweni zobupristi obuphakeme

ezatholwa Ngabangcwele Bezinsuku-zokugcina eThempelini lase-Nauvoo, amandla wobungcwele abonakaliswa” (D&C 84:20).

“Njengoba Abangcwele bagcina izivumelwano zabo, lamandla abaqinisa futhi abasekela kwizivivinyo zezinsuku kanye neminyaka ezayo.”<sup>3</sup>

Ebandleni namuhla, abesifazane kanye nabesilisa abanokholo kumhlaba wonke basebenza ethempelini futhi bayaqhubeka bathola amandla ezibusisweni lezo ezingatholakala kuphela ngezivumelwano zethempeli.

## **AMANOTHI**

1. uRussell M. Nelson, “Izivumelwano,” *Liahona*, Nov. 2011, 88.
2. M. Russell Ballard, “Women of Righteousness,” *Liahona*, Dec. 2002, 39.
3. *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 133.

## **Ngingenzani?**

1. Izivumelwano zami zingiqinisa kanjani mina?
2. Ngibasiza kanjani odade labo engibaqaphile ukuba bagcine izivumelwano zabo.

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku[www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).